**INQUBOMGOMO YEMIHLAHLANDLELA YEQEMBU YEZEHLAKALO EZIBUCAYI**

Isibopho sokunganyelwa kwezehlakalo ezibucayi silele kulezo zimenenja ezisondelene kakhulu nenkinga. Nokho, uma kwenzeka isehlakalo esingase siholele emiphumeleni emibi kakhulu kubantu, empahleni noma egameni labakwa-Brambles njengesakhamuzi sezamabhizinisi, lokhu kufanele kutshelwe ubuholi obuphezulu ukuze kuhlonyiswe ngezinsizakusebenza ezifanele zokubhekana nenkinga.

Kuze kube manje, isehlakalo esibucayi yileso esibandakanya (ngisho noma esingase sibandakanye) okukodwa noma ngaphezulu kwaloku okulandelayo:

- Ukudlula emhlabeni kwabasebenzi, osozinkontileka noma umphakathi;
- Izehlakalo eziholela (noma ezingase ziholele) emonakalweni obucayi emvelweni;
- Ukuchezuka noma ukuzama ukuchezuka izinqubomgomo zezezimali, izilawuli zangaphakathi zezimali, izindaba zocwaningomabhuku, kubandakanya ukukhwabanisa noma iphutha lenhloso emalungiselelweni, ukuhlaziywa, ukubukezwa, noma ucwaningomabhuku lwamarekhodi ezimali kwa-Brambles noma ukuphanjwa kwezitatimende zezimali noma izitatimende mbumbulu mayelana nezindaba eziqukethwe kumarekhodi ezimali akwa-Brambles, imibiko yezimali, noma imibiko yocwaningomabhuku;
- Izenzo zangempela noma ezingase zenzeke noma zokukhwabanisa noma ukushayisana kwezintshisekelo;
- Ukwaphulwa kwe-US Foreign Corrupt Practices Act, UK Bribery Act okwenzekile noma okungase kwenzeke, nanoma yimuphi omunye umthetho wokugwaza noma ohlobene nenkohlakalo;
- Ukuhlaselwa kwasekuzeni kokusa noma olunye uphenyo olwenziwa umlawuli noma isikhungo sabomthetho sasendaweni; kanye
- Izehlakalo eziholela (noma ezingase ziholele) ekulandelweni ngabezindaba kakhulu, ukuboshwa kwezigebengu noma ukuvulelwa icala elikhulu, ukumiswa komsebenzi okukhulu, noma ukulinyazwa kwempahla noma isikweletu semali (emva komshuwalensi) esingaphezu kwama- GBP 400,000; USD 500,000; AUD 1,000,000; noma ama-Euro 600,000.

Zonke izehlakalo ezinjalo kufanele zibikwe **esikhulwini esifanele esayithini** , sona esizokwazisa **uMonagmeli webhizinisi wakho/CEO** nalaba bantu abalandelayo:

- Umlawuli Weqembu, i-Group Controller
- IPhini LikaMongameli weQembu, Ucwaningomabhuku Lwangaphakathi Nezingozi
- INhloko Yophiko Lwezomthetho kanye Nonobhala Weqembu lenkampani

Lapho ezwa isehlakalo esibucayi, iNhloko YezoMthetho iyokwazisa futhi icebise isiKhulu esiyiNhloko ePhezulu kanye namalungu asele eThimba Lobuholi obuPhezulu, njengokufanele.
IBhodi yakwa-Brambles inesibopho esib=ngujikelele sale Mihlahlandlela.

INhloko YezoMthetho, Nonobhala WeQembu LeNkampani bazobukeza lo Mhlahlandlela ngasohlangothini lwezomthetho kanye nokwenziwa komsebenzi okungenani kanye ngonyaka futhi kufanele baqinisekise ukuthi bonke abasebenzi bayathola ukuqeqeshwa njalonjalo okufanele.

Bonke abasebenzi okungumsebenzi wabo ukuphumelela kwale MIhlahlandlela. I-Brambles yakha izindawo zokusebenza lapho kunokuxhumana okuvulelekile nokuthembeka phakathi kwabo bonke

abasebenzi kuyigugu futhi kuhlonishwa. Uma unanoma yimiphi imibuzo mayelana nale Mihlahlandlela, noma uma ungathanda ukubika ngokwephulwa kwayo, sicela ukhulume nemenenja yakho, noma yiliphi ilungu leThimba Lezomthetho noma Lakwandabazabantu, noma-ke i-Speak Up hotline. Njengokusho kweNqubomgomo yakwa-Brambles i-Speak Up, akukho kuphindiselwa noma ukujeziswa okuzokwenzeka kumsebenzi ophakamise ukukhathazeka ngaphansi kwale miHlahlandlela. I-Brambles izibophezele ekuphenyeni, ukubhekana, kanye nokuphendula konke ukukhathazeka kwabasebenzi kanye nokuthatha izinyathelo ezifanele zokulungisa lokho okuphakanyiswe njengokuphulwa kwayo.